**IMIYALELO YABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa (30)

ISIQEPHU B: Ukufingqa (10)

ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi (40)

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
3. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
4. Dweba umugqa emva KWESIQEPHU NGASINYE.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo kahle ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha lemibuzo.
6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
8. Ukwabiwa kwesikhathi okuncomekayo:

ISIQEPHU A: Imizuzu engama-50

ISIQEPHU B: Imizuzu engama-20

ISIQEPHU C: Imizuzu engama-50

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**ISIQEPHU A: ISIFUNDO SOKUQONDISISA**

**UMBUZO 1**

1.1. Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO A : OFUNDWAYO

**OBESEJOVWE WUKULIMA USHIYE ENYUVESI**

USinethemba Masinga (22) uthathe isinqumo esinzima sokushiya phansi izifundo zeBachelor of Science abesenza unyaka wesithathu kuzo e-UKZN ngoba eshiswa ubizo lokuba umlimi. Okwamsiza ukuba abazali bakhe bamuseke kulesi sinqumo sakhe. USinethemba usenenkampani iSinesthembiso Produce, esikwazi ukukhiqizela isitolo ukudla, iPick n'Pay.

Uyala intsha esifunde yagogoda ukuba iwasebenzuse amathuba ewatholayo futhi ingalindi ukuqashwa kepha isukume iqale amabhizinisi amancane engaziphilisa ngawo. Echaza ngokushiya kwakhe enyuvesi, uthi nakuba umkhakha abewenza ugxile kakhulu kumakhemikhali nakumagciwane, okuyizinto ezivelayo kwezolimo, kodwa wabona ukuthi le nto ayifundelayo ayisuki kuye ngaphakathi.

Ngesikhathi efundela ekhaya wayesiza abazali bakhe emasimini, nokuyilapho aphinde aba nomuzwa wokushiya phansi enyuvesi. Wabachazela abazali bakhe babe sebemkhulula ukuba enze into ayithandayo yize kwakungelula kubona. Ukhuvethe lwaletha isikhathi esinzima, kodwa kule ntokazi lweza nokuhle ngoba laletha ithuba lokuba yenze into eyabe iyifisa.

USinethemba uthi uthando lokutshala kakusiyo into eqhamuke esesenyuvesi, kepha ngisho esasesikoleni beluphila kuyena. Ngesikhathi efunda uGrade 10, uthi kwafika inkampani eyayifuna ukusiza abantu abasha abafisa ukungena emabhizinisini ukuba bawaqale. Naye wabambelela kepha izinto kazihambanga njengokufisa kwakhe.

Uthi uyajabula ukuthi useze walithola manje ithuba lokufezekisa iphupho lakhe. Uyakugcizelela ukuthi kakusiyo into entsha kuyena ukuba semasimini. Ngokusho kwakhe ukhule abazali bakhe betshala amadumbe, ubhatata, nommbila okuyizinto ezithatha isikhathi eside ngaphambi kokuba zivunwe.

Isifiso sakhe kwakungukuthi babe nezitshalo ezivunwa njalo, ngenxa yokuthi kulula ukuphila ngazo ngoba nemali ingena kalula. Yilesi sizathu-ke esenze watshala imifino, utamatisi, ubrinjolo namakinati. Njengamanje uthi ikhasimende lakhe elikhulu yisitolo sakwa Pick 'n Pay, kanti uphinde asekwe osomabhizinisi namalungu omphakathi.

Nakuba kusahamba kahle, uSinethemba unazo izingqinamba ezifana nokushoda komhlaba, imakethe nokutshala ukudla ukudla okufakwe amakhemikhali. Umhlaba abanawo mncane, kodwa ngenhlanhla banomakhelwane obaboleka owakhe ukuba bawusebenzise. Enye inkinga ukuthi kunzima ukuthi abantu bezimboni ezinkulu babanike abakudingayo njengoba benepulazi elincane, kwazise bafuna lawa amakhulu.

Enye inkinga abhekene nayo eyamanzi. Usebenzisa ithangi likajojo bese amanzi bewathutha ngezigubhu besebenzisa ibhala ukuze bachelele izitshalo.USinethemba uphila impilo engafani neyontanga bakhe, ngoba kwesinye isikhathi kiba nzima ukuvuka ngenxa yokukhathala. Usuku lwakhe kuqala ngo-4h30 ageze aphuze ikhofi bese bephuma namageja. Uyala intsha ukuba isebenzise amathuba ewatholayo kanti kulaba asebefunde bagogoda uthi bangalindi ukuqashwa kepha bazame indlela yokuziphilisa. Ukhathazekile ngesizukulwane samanje esingamavila, esihlala kakhulu ezinkundleni zokuxhumana. Uthi into engasiza ukuthi intsha isebenzise izinkundla zokuxhumana ngendlela ezoyithuthukisa.

Uthi abafuna ukungena kulo mkhakha kumele bazihluphe ngokufunda. Le ntokazi ithi seyiqashe abantu abaneziqu ngenxa yokugqoza kwamathuba emisebenzi. Uthi noma ngabe ufunde kangakanani akumele uzinyeze, zama indlela yokuzithuthukisa noma ngabe uqala ngengadi encane. Unethemba lokuthi lokhu akwenzayo kuzogqugquzela abanye abaningi, kuthi nalabo abanolwazi babelane nabanye ngaphandle kokufuna inkokhelo.

USinethemba uthi babebathathu emndenini wakhe kepha ngeshwa washona omunye umfowabo, manje usele nomfowabo oyedwa ongunjiniyela. Nokho nomfowabo ubuye afake isandla uma sekuvunwa, ikakhulukazi uma kungamakinati. Kanti uyise, unina nokhulu wakhe nabo bayingxenye yokusebenza kwepulazi.

1.1.1 Bhala igama lenkampani kaSinethemba. (1)

1.1.2 Yini ekwazi ukwenziwa inkampani kaSinethemba? (1)

1.1.3 Wasuka kuphi umuzwa wokushiya enyuvesi? (2)

1.1.4 Ugxile kumkhakha wani uSinethemba? (2)

1.1.5 Bhala indima eyadlalwa ukuhlasela kokhuvethe empilweni yale ntokazi. (2)

1.1.6 Kwenzekani kuSinethemba ngesikhathi esafunda ibanga leshumi. (2)

1.1.7. Yiziphi izitshalo EZIMBILI ezazitshalwa abazali baSinethemba? (2)

1.1.8. Sizathu sini esenza uSinethemba atshale izitshalo ezivunwa njalo? (2)

1.1.9. Shono izingqinamba EZIMBILI ibhizinisi likaSinethemba elibekene nazo. (2)

1.1.10. Uthini umbono kaSinethemba mayelana nezinkundla zokukxumana? (2)

1.1.11. Ngokucabanga kwakho yini enganziwa uhulumeni ukunxenxa intsha ukuba ingene kwezolimo? (2)

1.1.12. Ngokubona kwakho kwaba umqondo omuhle yini ukuthi uSinethemba ayeke enyuvesi? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.13. Shono isifundo ositholile ngokufunda le ndaba. (2)

1.2 Bukisisa lesi sithombe esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO B: OBUKWAYO




1.2.1. Bhala izinto EZIMBILI ozibona esithombeni. (2)

1.2.2. Ukuphila ngokudla okusesandleni sokunxele kungaba namuphi umthelela emzimben wakho? (2)

1.2.2. Ekudleni okuveziwe yikuphi ongakhetha ukuphila ngakho? Sekela impendulo yakho.(2)

**[30]**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA**

**UMBUZO 2**

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese usifingqa ngamaphuzu ayi-7 ubhale ngezindlela ongazisebenzisa ukugwema ukuphazanyiswa umakhalekhukhwini.

**IMIYALELO**

1. Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelele, amagama owasebenzisile

angeqi/angadluli kwangama-60.

2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.

3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.

4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala inani lamagama

owasebenzisile.

**UMBHALO C: (OFUNDWAYO)**

**SINGAKUGWEMA KANJANI UKUJOVEKA NGOMAKHALEKHUKHWINI**

Kunabantu abangasakwazi ukulawula indlela yokusebenzisa omakhalekhukhwini. Empeleni labo bantu sekuyibo abalawulwa omakhalekhukhwini. Le nto iyinkinga umhlaba wonke ngoba iphazamisa izimpilo zabantu iphinde yone ubudlelwano abanabo nemindeni yabo nabangani.

Omakhalekhukhwini baba nemisindo ekhala uma kungena umyalezo. Leyo misindo iba isiphazamiso ngoba uyalangazelela ukubona umyalezo. Kubalulekile ukuvala yonke imisindo kumakhalekhukhwini ukuze ugweme ukulokhu uwukhipha. Le misindo ingakuphazamisa ngisho wenza umsebenzi obalulekile, iphinde iphazamise nabaseduze kwakho.

Uma umakhalekhukhwini wakho ungekho phambi kwakho kunzima ulokhu uwuthatha ubheka okuthile. Qinisekisa ukuthi umakhalekhukhwini uwuvalela esikhwameni uwukhiphe mekunesidingo. Lokhu kungakusiza wenze ufuna ukukwenza ungaphazamisekanga.

Kubalulekile ukuzigcina uhlelekile. Lokhu kuchaza ukuthi kumele ukwazi ukuhlukanisa izikhathi owenza ngazo izinto, okufaka nesikhathi sokulala. Gwema ukulala nomakhalekhukhwini ngoba ungagcina uqwashile ube sengozini yokuvuka sekudlule Isikhathi.

Uma wenza umsebenzi othile wenze ngokuzimisela ungaphazamiseki. Uma sikhuluma ngomsebenzi kungaba sikhuluma ngokufundela izivivinyo, ukubhala noma ukushayela. Uma wenza okukodwa kwalokhu cisha umakhalekhukhwini wakho uwubeke kude nawe uze uqede.

Abantu abaningi bazikhonzile izinkundla zokuxhumana nokuyinto ebenza behlezi begqolozele omakhalekhukhwini. Thola enye indlela yokuzilibazisa kunokuba uchithe Isikhathi ezinkundleni zokuxhumana. Ungachitha Isikhathi ejimini, wenze ingadi noma ufunde incwadi.

Isikhathi somndeni singesibaluleke kakhulu okuzidlula zonke ngoba sithola ithuba lokwakha siphinde siqinise ubudlelwano nabantu esibathandayo. Gwema ukusebenzisa umakhalekhukhwini ngezikhathi ezibalulekile ezihlanganisa umndeni.

Uma konke lokhu okungenhla ukwenze ngempumelelo kukancane ukuthi kube khona umuntu okuncomayo noma okukomelisayo. Kubalulekile ukuba uzikomelise uma ubona ukuthi uyaphumelela emizamweni yakho. Ungazikomelisa ngokwenza noma yini ekujabulisayo.

**[10]**

**ISIQEPHU C: ISIKHANGISO**

**Bukisisa lesi sikhangiso bese uphendulas imibuzo ezolandela.**

**UMBUZO 3**

**UMBHALO D: (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**

## JIKELECTRICITY COMPANY




*OKUTHINTA UGESI KUTHINTA THINA! SINGOJIKELELE!*

Silungisa zonke izinto ezisebenza ngogesi. Uma ulinyalelwe inoma iyiphi impahla yasendlini esebenza ngogesi **ungabe usapholisa maseko,** thinta abakwa Jikelectricity bakwenzele imilingo ngokuphazima kweso.

*Silungisa izitofu, amafriji, ama-ayina, imishini yokuwasha nokunye okuningi.*

*XHUMANA NATHI*: cell – 063 025 5050
Tel - 031 744 5555
Email- jikelectr@gmail.com

Asikwazi ukukusiza uma ungaphandle kwesifundazwe iKwaZulu Natal.

(umbhalo wokuziqambela)

3.1. Bhala izinto ezimbili ezilungiswa ile nkampani. (2)

3.2. Sithini isiqubulo sale nkampani? (1)

3.3. Kungani amagama athi 'jikelectric'ebhalwe ngokunzima? (1)

3.4. Chaza lesi simo sokukhuluma esilandelayo. (2)

Ungabe usapholisa Maseko.

3.5. Kungani amagama asekugcineni ebhalwe aba mancane? (2)


3.6. Yiziphi izindlela ezimbili ongazisebenzisa ukuxhumana nale nkampani? (2)

**[10]**

**UMBUZO 4 :**

**Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.**

UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)




4.1. Bangaki abantu abavezwe kule khathuni? (1)

4.2. Yini inkinga ababhekene nayo? (2)

4.3. Chaza ubudlelwano balaba abavezwe kule khathuni. (1)

4.4. Chaza Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile ngezansi.

Emva kwalesi sidlo **angazi ngizomisa kanjani.** (2)

A. Angazi yini inkinga.
B. Angazi sizolalaphi.
C. Angazi ngizokwenza njani.
D. Angazi sizodlani.

4.5. Kungani ingane esesithombeni inesifiso sokusiza umama wayo? (2)

4.6. Ngokubona kwakho, ukungabi khona kukababa kunamthelela muni emindenini? (2)

**[10]**

**UMBUZO 5**

Fundisisa UMBHALO F bese uphendula imibuzo ezolandela.
UMBHALO F (OFUNDWAYO)

| |
|---|
| Hheyi bakwethu! Usuphelile njalo unyaka? Impela isikhathi sesidliwe yinja. Sekuzovela imiphumela kuwo wonke umuntu obesebenza nobefunda. Kuzocaca ukuthi bawulungiselele ngokufanele yini uZibandlela. Umuntu oyivila uzovela obala. Phela konke kuvela obala ngale nyanga. Alikho eligxumela elinye. Bazohlala obala labo ababedlala ngemali nangesikhathi. Abanye bazobe behleka bodwa sebethola amabhonasi abo. Kukhona abazothola imali abebeyonga unyaka wonke. Abafundi abazimiselile bazodlulela phambili. Kuneqembu elizivocavocayo ukuze libe nemizimba emihle ehambisana nalesi sikhathi. Izigebengu nazo azizibekile phansi ngalesi sikhathi. Amadolobha amakhulu agudle ulwandle agadwa kakhulu. Kufakwa amaphoyisa amaningi ngoba abantwana bayalahleka futhi bayantshontshwa kulezi zindawo. Amaphoyisa ahlale ethola izingane ezidukile azigcine. Izingane ezimukayo zidliwa izilwane eziyingozi. [Umbhalo wokuziqambela] |

5.1. Bhala izigaba zamabizo atholakala ngezansi.

A. Unyaka (1)

B. Isikhathi (1)

5.2. Hlobo luni lwesifengqo olutholakala emgqeni wokuqala? (2)

Usuphelile njalo unyaka?

A. Ihamba
B. Umbuzo mbumbulu
C. Isifaniso
D. Isenzasamuntu

5.3. Bhala izandiso ezitholakala ngezansi.

A. Onyakeni (2)

B. Kusasa (2)

5.4. Hlobo luni lwesilandiso olutholakala kulo musho ongezansi?

Umuntu **yivila**. (2)

5.5. Shono uhlobo lwesichasiso olutholakala ngezansi.

Abanye bazozithokozisa ngemali **yabo**. (2)

5.6. Shono umqondo ovezwe igama elibhalwe ngokugqamile ngezansi.

Konke **kuyavelavela** kule nyanga. (2)

5.7. Igama elibhalwe ngokugqamile lenza msebenzi muni emushweni ongezansi?

Bazoba nemizimba **emihle** abazivocavocayo. (2)

5.8. Hlobo luni lwebizo elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo?

Kukhona **iqembu** elizivocavocayo. (2)


5.9. Guqula umusho ongezansi ube senkathini ezayo.

Unyaka usaphela. (2)

**[20]**

**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

**UMBUZO 5**




6.1**.** Guqula igama elibhalwe ngokugqamile libe izabizwana soqobo bese ulisebenzisa emishweni ozakhele wona.

Mina **noPalisa** sisebenza sonke. (2)

6.2. Guqula umusho ongezansi oyinkulumo ngqo ube yenkulumo mbiko.

"Angisazi isingisi," kusho u-Amanda. (2)

6.3. Shono umqondo ovezwa uphawu olutholakala ngezansi.

Hawu! Akalungile uThabo. (2)

6.4. Bhala umusho ongezansi uveze umqondo wokuphika.

UPalisa sisebenza naye. (2)

6.5. Shono umqondo ovezwa igama elibhalwe ngokunzima ngezansi.

UThabo **ungumkhohlisi** omkhulu. (2)

**[10]**